# TAMSYN THE TURTLE



Sanibonani nonke, igama lami ngingu Tamsyn ufudu olukhulu olushibilikayo lwasondlwane. Ngachanyiselwa eqandeni olwandle olufudumele endaweni yase **iSimangaliso (evikelekile) Marine Protected Area.**



**Uthi bewazi nje? iSimangaliso, igama elisho "ukuhlabahlosa nezimangaliso".**

Yaze yayinhle lendlela yokuchaza ukuthi ngachanyiselwa kuphi.




Ngenkathi ngiphuma egobolondweni leqanda lami kwadingeka ngigijime ngisheshe ngiye olwandle, kwakumele ngigijime ngibalekele **uGugu inkalankala** no **Sally inyoni yasolwandle.**





Laba ngabazingeli abasabekayo abathanda ukudla amachwane ezimfudu. Bekumele ngigijime kakhulu ukuze ngiphunyuke.



## HUUU! NGAZE NGAFIKA OLWANDLE!

**Izimfudu ziyathanda ukuvakasha nakwezinye izingxenye zolwandle.**

**UNGATHANDA UKUYOZIBONA NAMI LEZOZINGXENYE?**

Izindawo zasolwandle ezivikelekile, ngamafuphi ama MPAs, yizona eziphephile olwandle. Zifana neziqiwi kodwa zona zisolwandle zihlala izinhlanzi kanye nezinye izilwane zasolwandle.

Abacubunguli/ososayensi bahlonze ezinye zendawo ezingasogwini ngokukhethekile ukuze zivikelwe. Lena indawo lapho izimfudu zasolwandle nezinye izilwane zasolwandle ezihlala kuyo ngokuphepha.



**Uthi bewazi?**

Lezi zimfudu ezinkulu ezishibilikayo izona ezinkulu kunazo zonke ezinye izimfudu. Zingakhula zibe isisindo esikhulu kakhulu zifinyelele emakhulwini amahlanu (500kg). Zase zikhona olwandle ngezikhathi zezibankwakazi ezinkulu ezazisemhlabeni phecelezi ama-dinosaurs.



Okokuqala, ngibhukuda ngiye empumalanga yogu. Ngisuka ngas-osebeni ngiye ekujuleni lapho kufudumele futhi kukhanya khona **kwiAgulhas Current.**



**Uthi bewazi?**

iAgulhas Current ifana nomfula omkhulu osolwandle. Yehla isuka eMozambique igijime njalo yehle ibheke empumalanga yogu lwase Ningizimu Africa kuze kufike kwiCape Agulhas.




Kulo mjikelezo ngiyakwazi ukuphumula. Amanzi asheshayo ayangithwala ngize ngifike eningizimu phecelezi esouth.





Ngokushesha okukhulu lomjikelezo ogijimayo uyangithatha ngiye ezansi nogu…




Ngokushesha ngizwa umsindo ongajwayelekile.

***INGABE ISIKEBHE SOKUDOBA?***

Nkosi yami, kungenzeka ukuthi sengisukile endaweni yami evikelekile iMPA. Lomsindo uyathusa, angifuni ukubambeka odobweni noma esisefweni. Ake ngivule amehlo ngihlale ngiqwashile.





Nginenhlanhla, sengize ngafika kwenye indawo evikelekile, **uThekela MPA.**
Lapha ngivikelekile futhi kubadobi.



Ngibuka ezansi ekujuleni kolwandle, yini lena engiyibonayo?
**Izinkalankala ezingajwayelekile nezinhlanzi ziyangibuka.**





Kunanezinkumbi zama sea urchins angajwayelekile.
Ngicabanga ukuthi usosayensi owathola lezilwane wajabula.





Kodwa amanzi lana adungekile akulula ukubona kahle. Ngicabanga ukuthi ngibona izithunzi zoshaka ababizwa ngamahammerhead (ikhanda elifana nesando).

## Uthi bewazi?

Oshaka abangama Hammerhead, banamakhanda ayizibaca andlalekile kuhle kwesando. Amehlo Kanye namakhala abo angasekugcineni kwekhanda.
Lokhu kubasiza bakwazi ukubona futhi bahogele kahle.



**NGIYAHAMBA FUTHI!**

Ngimemeza laboshaka abangajwayelekile abangibukayo.

Ngibhukuda ngiyashesha kulomjikelezo osheshayo futhi oza ngamandla njengomfula wasolwandle. Manje ngisenyakatho yeTheku ubani engingambona?
Umngani wami omusha **uGary iguitarfish**.




**UYA NGAKUPHI GARY?**

Ngiya lakuphephe khona eProtea Banks.



Ngiyamlandela ngokushesha siya eningizimu, kube isikhashananje sahlangana nabanye abahlobo bethu.

Njengoba singena endaweni evikelekile yase **Protea Banks,** abangani baka Gary bonke balana futhi banomcimbi osezingeni.




## Uthi bewazi?

**Ama Guitarfish (inhlanzi esasginci) afana nse nama-stingrays.** Banoqhoqhoqho esikhundleni samathambo aqinile. Imilomo yabo ingaphansi kwamakhanda abo bese beba nezimbobo zokuphefumula ngaphezu kwamakhanda abo. Lezizimbobo zibasiza ukuthi baphefumule amanzi ahlanzekile uma bezihlalele esihlabathini. Bahlangana babe baningi kakhulu eProtea Banks ngezikhathi ezithile onyakeni.



Qaphela! Lapha kunama tiger sharks futhi athanda ukuluma izimfudu, ngakho qikelela bangakuboni, hlala ungasuki.

uGary uphikelele ngasosebeni. Abhukude adlule **eWild Coast** abhukudele kude olwandle.
Lana akekho ozokwazi ukungibamba.

Ngiyajabulake manje, sesiyafika endaweni yami engiyithandayo. I”Turtle Tuckshop” (isitolo sezimfundu) ese **Agulhas Front MPA.** Lana ngibhukuda ngishone ezansi njengoba ngibheka izilwanyana ezimnandi ezithikizelayo okusanoni (jellyfish). Inhlanzi ebizwa ngeTuna nayo iyathanda ukuza lapha ngizohambisana neqoqo lazo lezizinhlanzi.

## Uthi bewazi?


**Lezilwane ezingamanoni azizona izinhlanzi.** Zimane nje ziyizilwane ezinomzimba ogcwele amanzi. Zinomlomo kanye nemicu ezibamba ngayo ukudla okuncane ezikudlayo. Lezizimfudu ezishibilikayo ziyathanda ukudla lezilwane ezingamanoni. Kodwa lezizilwane ungazididanisi namaswidi adliwayo athekezelayo.



## Uthi bewazi?

Lezizimfudu ezishibilikayo zingabhukuda zifinyelele cishe kubude abungamamitha ayinkulungane okuyikhilomitha elilodwa.






## Uthi bewazi?

Izinhlanzi amaYellowfin tuna ziyakwazi ukugcina imizimba yazo ifudumele kulamanzi abandayo ezibhukuda kuwo. Lokhu kuzisiza ukuba zikwazi ukubhukuda ngesivinini esikhulu ukuze zibambe ukudla kwazo futhi zibalekele ezinye izilwane ezingazizingela.

# ASIHAMBENI SIYOBHEKA!




Bayamemeza njengoba sihamba sibheka enye yezintaba engaphansi kolwandle lwase Ningizumu Afrika. Cabanga nje, intaba engaphansi kolwandle!



Eyokuqala yezintaba esizivakashele engaphansi kolwandle, ibizwa ngokuthi **iNatal Seamount, iseSouthwest Indian Seamount MPA.**








Wow! Buka labo shaka babukeka bebushelelezi babhukuda ngokushesha, igama labo imako.



***BHASOBHA TUNA LABO OSHAKA BAYATHANDA UKUNENZA ISIDLO SABO ESIMNADI.***


**Sekuyabanda ngiyabona nginqamule emanzini afundumele ngisuka e Indian Ocean ngeza emanzini aneqwa abandayo ase Atlantic Ocean.**




Anginaso isiqiniseko sokuthi ngingamelana nejubane lamatuna sizodlula ukuphakama okubandayo okuse **South East Atlantic Seamount MPA** endaweni evikelekile.

## Uthi bewazi?

INingizimu Afrika inolwandle Oluhle olubili; iAtlantic Ocean esentshonalanga kanye ne Indian Ocean eseMpumalanga yogu lwesifundazwe.



Ngizizwa nginamandla emva kokudla amakhulu amakhilogramu ezilwane ezingamanoni. Siyabhukuda sijikeleze lezizintaba ezingaphansi kwamanzi, silokhu sijikeleza njalo-njalo. Ziningi izilwane ezihlala kulamanzi alana. Abanye abantu bacabanga ukuthi ulwandle lugcwele amanzi nje, cabanganje uma bengabona yonke lemvelo emangazayo engiyibona lana.

Ngicabanga ukuth sekuyisikhathi sokuthi ngiyishiye lentaba ethandekayo ngiye kude ngasenhla nogu. Isikhathi sokuvakasha la ekubanda khona, eAtlantic Ocean, eNtshonalanga yeNingizimu Afrika.




Nkosi yami, sesifikile **eChilds Bank MPA** futhi kuhle ngempela. Ngathi igquma elingaphansi kwamanzi elinamakhorali kanye nama spanji ekunyukeni kwengquma.


Photo: NRF

Ayibo! Baphi abangani bami abangama Tuna? Ngathi abanye babo babanjwe abadobi abadoba iTuna. Angifuni ukubambeka kulaba olayini abade abanama-wuku ayizinkulungwane okubamba izinhlanzi. Ngicabanga ukuth sekuyisikhathi sokuthi ngibuyele emuva, ngibhukude ngifulathele umjikelezo. Maye nkosi yami, ngeke ngisakwazi ukuthola lezizilwane ezisanoni ezimnandi kuBenguela Current.

## Uthi bewazi nje?


Olayini abade bokudoba iyona ndlela abadobi abayisebenzisayo ukubamba izinhlanzi. Basebenzisa olayini abade kakhulu abane-zicupho Kanye namawuku ukuze babambe inhlanzi iTuna, oshaka kanye nezinye izilwane ezihlala olwandle oluvulekile.


Port Nolloth
Hondeklipbaai
Lambert's Bay
Cape Canyon MPA
Saldanha
Cape Town
Mossel Bay
ATLANTIC OCEAN
Ngicabanga ukuth sekuyisikhathi sokuvakasha endaweni evikelekile yase Cape Canyon MPA. Indawo yeNingizimu Afrika ehehayo engamazombezombe angaphansi kolwandle.
Siyini lesiyasilwane esinemilenze eyisishi-yagalombili? Yebo – ingwane enkulu (phecelezi i-octopus) ehlala kulamazombezombe asolwandle.
IYIPHI INDLELA ENGINGAHAMBA NGAYO UKUZE NGIYOFIKA
Sithipha sengwane, sisebenzisa izinyawo eziyisishiyagalombili ukukhomba ezindaweni ezahlukene eziyisishiyagalombili.
Kodwa ungitshela ukuthi angilandele iwa lase Algulhas Bank. Uthi ngizohlangana no Jake iHake endaweni evikelekile ebizwa ngokuthi iBrown Bank Corals MPA. Ake ngihambe, vele liselide ibanga engizolibhukuda ngaphambi kokuba ngiyofika ekhaya.
Lambert's Bay
Saldanha
Cape Town
Mossel Bay
Port Elizabeth
ATLANTIC OCEAN
Agulhas Bank Complex MPA
INDIAN OCEAN
Browns Bank Corals MPA
uJake inhlanzi eyiHake.
Oh nkosi yami, sesibhukude ibanda elide. Sengiqala ukukhathala manje, wena awukakhathali?
Ngicabanga ukuthi ngizonqamulela maduzane nezindunduma zesihlabathi ezingaphansi kwamanzi maphakathi neAgulhas Bank, ngidlule izihlabathi ngize ngifike emdonsweni wegquma.
Port St. Johns
East London
Amathole MPA
Port Elizabeth
Addo Elephant National Park MPA
INDIAN OCEAN
Port Elizabeth Corals MPA
Ngizizwa ngingedwa lana kodwa kungcono sengibuyele eMpumalanga yogu ese Port Elizabeth Corals okuyindawo evikelekile.



## UBANI OLAPHO?

Ngibona okuthize okwehlukile olwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka.



Nkosi yami, ufudu olunegobolondo elishibilikayo (phecelezi ileatherback turtle) lubuyela **ekhaya e iSimangaliso** okuyindawo evikelekile.



Asibhukude ndawonye, kodwa asibhukudele eduzane nogu, ngalokho ngeke silwisane nomjikelezo onamandla iAgulhas Current.



## NGAZE NGAJABULA! NGINGAYIBONA INDLOVU?





Manje sesifikile **eAddo elephant National Park** eyindawo evikelekile. Ay'bo nakhu sengikhohlwa ukuthi izindlovu azihlali olwandle kepha zihlala emhlabeni. Sekuyisikhathi sokubhukuda siye ekhaya manje, soma sizitholele izilwane ezingamanoni emanzini apholile alomjikelezo.

## HELLO RUPERT!




Photo: Steve Benjamin

Sizobhukuka sinqamule **eAmathole** nawo ayindawo evikelekile. URupert uyinhlanzi eyiRed Steenbras, ngitshela abangani bami. Izinhlanzi ze Red Steenbras zivikelekile kubadobi lapha.

Sisabheke ngasenyakatho futhi sesibona uhlobo loshaka ababizwa nokuthi ama Ragged tooth sharks. Kubonakala engathi bachitha isikhathi eside behlezi kulemgede engaphansi kolwandle endaweni evikelekile yase **Aliwal Shoal.** Asisekho isikhathi sokuxoxa njengoba sibuyela ekhaya manje, sidlula eThekwini siya le enyakatho.





# SESIZE SAFIKA EKHAYA EKUGCINENI, ENDAWENI YEZIMANGALISO.

Sengiwufudu olukhulile manje emuva kwayoyonke leminyaka ngivakasha.



Kancane ngiyanyuka ngiya esihlabathini, kuyindlela ende futhi edinga umfutho. UGugu (inkalankala ebizwa ngokuthi yiGhost crab) nabangani bakhe bayasuka endleleni yami, bancane impela bona.




**Uthi bewazi nje?**

**Izimfudu zesifazane zibuyela osebeni ezachanyiselwa kulo enimyakeni eyishumi nanhlanu kuya eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu. Emhlabeni wonke izimfudu ezinegobolondo elishibilikayo zivezwa njengesezibalo esiphansi ngokwe IUCN Red Data list. Lokhu kusho ukuthi isibalo sazo siyehla.**



Kodwa-ke ekugcineni sengikulungele ukumba isidleke sami lana esihlabathini ngisebenzisa okusazinyawo kwami okungemumva. Lapha ngizozalela amaqanda ami, ukuze amachwane ami nawo ezoqala elawo ibanga lempilo, njengami.






Story by Kerry Sink, Zach and Tamsyn Livingstone and Judy Mann. Facts checked by Ronel Nel and Bruce Mann. Design by Colette Bodenstaff.
Translated by Kwanda Mchunu

# IMIBUZO

1. Ingabe uTamsyn uzalela amaqanda akhe esihlabathini noma olwandle?
2. Iyiphi indawo evikelekile yasolwandle uTamsyn avela kuyo?
3. Lithini igama lomjikelezo uTamsyn ehla ngalo ogwini olusem pulanga yezwe?
4. Yiluphi uhlobo lwabazingeni abathanda ukudla izingane zezimfudu?
5. Zidla luphi uhlobo lokudla izimfudu ezinegobolongo elishibilikayo?

# IZINDAWO ZASOLWANDLE EZINTSHA ZASE MZANSI AFRIKA EZIVIKELEKILE




1. Orange Shelf Edge
2. Namaqua Fossil Forest
3. Namaqua National Coast
4. Childs Bank
5. Benguela Muds
6. Cape Canyon
7. Robben Island
8. Southeast Atlantic Seamounts
9. Browns Bank Corals
10. Agulhas Bank Complex
11. Agulhas Muds
12. Southwest Indian Seamounts
13. Agulhas Front
14. Port Elizabeth Corals
15. Amathole Offshore
16. Protea Banks
17. Aliwal Shoal
18. uThukela
19. iSimangaliso
20. Addo Elephant MPA

# IMIBUZO

1. uTamsyn uzalele amaqanda angamashumi ayisishiyagalombili (80) bese kuthi emuva kwezinsuku ezingamashumi ayisikhombisa (70) kuchamseleke amachwane angamashumi amahlanu nambili (52). Mangaki amaqanda asale engachamselekanga?

2. Uma amachwane ofudu amathathu (3) kwangamashumi amahlanu nambili (52) ebanjwa izinyoni zasolwandle bese kuthi amahlanu (5) adliwe izinkalankala (Ghost crabs), mangaki amachwane asele?

3. uTamsyn ushiye iAgulhas Front nenqwaba yezinhlanzi zohlobo lweTuna eziyikhulu nantathu (103). Ushaka wohlobo lwe Mako wadla izinhlanzi zohlobo lwe Tuna eziyishumi nanhlanu (15) eNatal Seamount kwase kwathi olayini abade abasesikebheni sokudoba babamba ezinga mashumi amabili nesikhombisa (27) ogwini olusentshonalanga. Zingaki izinhlanzi zohlobo lweTuna ezisele?

4. Ufudu ngalunye lunokusamaphiko okune (4), kungaki okusamaphiko ongakbona ezimfudwini eziyisishiyagalombili (8)?

5. Bheka ibalazwe ekhasini leshumi nanye (10). Zingaki izindawo ezivikelekile olwandle uTamsyn azivakashelile?

6. Iyiphi indlela uTamsyn ayibhukudile ngenkathi eqala ukusuka eiSimangaliso Wetland Park eyindawo evikelekile?

7. Endleleni yakhe ebuyela eiSimangaliso Wetland Park okuyindawo evikelekile, iyiphi indlela abhukude wayilandela?

8. Bukela nansi lefilimu: https://www.youtube.com/watch?v=LI7Xx21ESoY Bese ubhala indatshana encane mayelana nezindawo ezivikelekile zasolwandle lwaseNingizimu Afrika.





Helping people to care for our ocean